

# UKUBHALISA NEZIMVUME/AMALAYISENSI

Ngaphambi kokuthi izimpahla zingeniswe ezweni noma zithelekiswe, kumele kulandelwe izinyathelo ezimbalwa. Uma kukhona imisebenzi yoMnyango wokuThelisa ofuna ukuyenza, abakwa-SARS bangadinga ukuthi ubhalise ngokweSigaba 59A kanye / noma uthole imvume ngokweSigaba 60.

Umuntu okumele noma ongefaka isicelo sokubhalisa nemvume/nelayisensi:

Namuphi umuntu, umuntu onegunya, iNhlango, abasebenzisanayo, Owengamele amafa, Owengamele izimali ezisisiwe, uHlaka loMbuso, isiKhungo kubandakanya nezinhlango zangaphandle ezingekho eNingizimu Afrika angabhalisa kanye / noma athole imvume yokwenza noma yini elawulwa uMthetho, ngaphandle komuntu ongenisa izimpahla ezweni noma umthelekisi ngokokuhlinzekelwa u-Rule 15.01.

UKhomishana angabeka imibandela emayelana nalokhu:

- Ukuvikelwa kwentelo yemali engaba khona ezimpahleni ezamukeliwe, ezigciniwe, eziphethwe, ezithuthiwe noma okusetshenzwe ngazo ngandlela thile, ezengamelwe noma ezilawulwa umuntu onemvume ngokwemvume/ngokwelayisensi;
- Ukuhlolwa kwezimpahla ezifana nalezi Abasebenzi boMnyango wokuThelisa;
- Usizo okumele lowo onemvume aluhlinzeke kubaSebenzi boMnyango wokuThelisa ezimpahleni eziboshiwe, ezibanjiwe noma ezithathiwe; noma
- Ukuthobela kwalowo onemvume lo Mthetho noma uMthetho weNtelo yelevi mayelana nalezo zimpahla.

UKhomishana angase aphinde afune isicelo sokuthi kube khona isibambiso noma inini, bheka inqubomgomo yangaphandle ngezibambiso i-[Bonds external policy](#).

Ngalo lonke ulwazi oludingayo ukuze ubhalise, uthole imvume/ilayisensi futhi ubhabhadiswe, bheka Quick Links:

- [APDP](#)
- [Clearing Agents](#)
- [Customs Storage Warehouse](#)
- [Deferments](#)
- [Depots](#)
- [Drawback Registration](#)
- [EDI \(Electronic Data Interchange\)](#)
- [Exporters](#)
- [Importers](#)
- [Rebate Users](#)
- [Registered Agents](#)
- [Remover of Goods](#)
- [Special Economic Zones](#)

## Ngabe udinga usizo ngokufaka isicelo sokuBhalisa nokuthola iMvume/iLayisensi?

I-DA 185 - [Registration of Licensing of Customs and Excise](#) ifomu lekhasimende lokufaka isicelo, izithasiselo ezifanele kanye namadokhumenti afakazelayo abhalwe efomini lokufaka isicelo kumele kuthunyelwe ehhovisi loMnyango wokuThelisa oseduze ukuze kufakwe kukhompuyutha. Ngolwazi olwengeziwe ngamadokhumenti esekayo adingekayo, bheka [Legal Entity – External Standard](#). Umfakisicelo noma omelele umfakisicelo (UMsebenzi kahulumeni) njengokusho kwefomu lokufaka isicelo kumele ahlinzeke ngoMazisi wakhe, ubufakazi bekheli kanjalo neminingwane yokuxhumana akunike i-Branch Front End agent.

**Ngokuthola usizo ngefomu lokufaka isicelo i-DA 185:**

- Imibuzo ngokuBhalisa kuZwelonke: [Nationalregistrationqueries@sars.gov.za](mailto:Nationalregistrationqueries@sars.gov.za)
- Bashani Naidoo kuleli kheli [bnaidoo@sars.gov.za](mailto:bnaidoo@sars.gov.za) , Inombolo yocingo: 011-8626008 noma
- Katlego Sethalogile kuleli kheli [ksethalogile@sars.gov.za](mailto:ksethalogile@sars.gov.za) , inombolo yocingo: 011-862 5285.

Amanye amafomu okufaka izicelo (anjenge-DA 64G.01; SC-CF-05-A23) kumele athunyelwe noma adluliselwe:

- **Alberton Office**  
49 New Quay road  
New Redruth  
Alberton
- **Pretoria CBD Office**  
C/o Schoeman and Van Der Walt streets  
SARS Main building  
Pretoria
- Attention: National Registration and Licensing noma uthumele i-imeyili kuleli kheli [Nationalregistrationqueries@sars.gov.za](mailto:Nationalregistrationqueries@sars.gov.za).
- Ngemibuzo: [Nationalregistrationqueries@sars.gov.za](mailto:Nationalregistrationqueries@sars.gov.za)

### **Atholakalaphi amafomu okubhalisa nokuthola imvume/ilayisensi?**

Amafomu okufaka isicelo ayatholakala kulesi sizindalwazi noma ehhovisi loMnyango wokuThelisa.

### **Uwathumela kuphi amafomu?**

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa.

### **Ukubhalisa kuba semthethweni isikhathi esingakanani?**

Ukuba semthethweni kwesikhathi sokubhalisa kuvulelekile akupheli. Ngokuthola imvume/ilayisensi ungabheka iSheduli 8.

### **Kubiza malini ukubhalisa?**

Kumahhala.

### **Kuthatha isikhathi esingakanani ukuthi kwamukelwe?**

Isikhathi sokuthola impendulo ngezicelo zokungenisa impahla ezweni noma ukuthelekisa kuba izinsuku eziyi-10 zokusebenza kanti zonke ezinye izicelo kuba izinsuku ezingama-30 zokusebenza.